# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Septuagesime, ngomhla ka 05. 02. 2012
11/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 86/76

2 U**mkhuleko:** Nkosi yethu, Jesu Kristu! Singcwelise ngeqiniso lakho, izwi lakho liyiqiniso. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 9:24-27
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 20:1-16a.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 280/186
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesine lilotshiwe
kuJeremiya 9:23-24, lithi: "Usho kanje uJehova, uthi: Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe, kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa nokwahlulela nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo, usho uJehova." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla leNkosi, kwakukubi kabi eJerusalema ngesikhathi sikaJeremiya. Kwakungekho-qiniso, namusa nakumazi uNkulunkulu ezweni. Kwakungekho-mthetho, nobuqotho nokulunga. Hos. 4:2: Kukhona ukufunga nokuqamba amanga, nokubulala, nokweba, nokuphinga; bayafohla, izingazi zilandele izingazi. Jer. 4:22: Yebo, abantu bami bayiziwula, abangazi; bangabantwana abayiziphukuphuku, abanakuqonda; bahlakaniphele ukwenza okubi, kepha ukwenza okuhle kabakwazi. Ngalokho izwe liyakudabuka, bonke abakhé kulo badangale... Ngani na? Mina-ke abangazi, usho uJehova; ngenkohliso bayala ukungazi, usho uJehova, Jer. 9:3+6. Bayasebenzisa ukuhlakanipha kwabo namandla abo nemfuyo yabo ukona nokuganga. Singathi uJeremiya uyasazi thina, uphila nathi, ungumuntu wakithi.

Khona kuvela lelizwi likaNkulunkulu ukubavuselela eJerusalema. Khona kuvela lelizwi likaNkulunkulu ukusivuselela thina nokusisiza thina-bantu banamuhla. "Usho kanje uJehova, uthi: Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngencebo yakhe, kepha ozibongayo, makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa nokwahlulela nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo, usho uJehova." Lokhu akusho ukuthi uNkulunkulu ubonga, ufuna ubuthutha nobuthakathaka nobumpofu, qha, ngoba nabo abusizi lutho. Kodwa lokhu kusho ukuthi sikhumbule kahle ukuthi konke esinakho kuyisipho nokuthi iziphiwo zethu zivelaphi na? Sime, sizindle kahle sibone ukuthi kunye kuphela okusizayo: ukumazi nokuqonda uJehova.

Yikho lokhu: Ukumesaba uNkulunkulu kungukuqala kokuhlakanipha, banengqondo enhle bonke abakwenzayo. Ukumesaba uNkulunkulu kungukuqala kokuhlakanipha nokumazi oNgcwele kungukuqonda. Masingamkhohlwa uMdali wethu, kodwa-ke simbonge yena, singazibongi thina. Niyabona, ukuhlakanipha ngokwakho kulungile, nobuqhawe buyafuneka, nengcebo ngokwayo ilungile. Siyaphiwa esinakho, yilowo nalowo phakathi kwethu. Akudelelwa esinakho. Into nje: Mhla ngiqala ukuzibonga, ngizikhukhumeze, ngiziqhenye, ngizikhulekele kulokhu, ngiziphakamise phezu kwabanye ngenxa yeziphiwo zami, ngiyaganga. Uma ngithi: ngingcono ngamandla ami, ngingcono ngemfuyo yami, ngingcono ngokuhlakanipha kwami, ngimkhohliwe uMdali wabantu bonke, noMdali wami ongidalile mina kanye nezidalwa zonke, wangipha

umzimba nomphefumulo, amehlo nezindlebe, nezitho zonke, ukuqonda nokuzwa konke, usakulondoloza; futhi izingubo nezicathulo, ukudla nokuphuza, indlu nekhaya, umfazi nabantwana, amasimu nezinkomo nezimpahla zonke...

Uma ngikhumbula lokhu ngiyeka ukuzidla kwami, ngiqala ukuzithoba, ngiqala ukuziphatha ngokufaneleyo phambi kukaNkulunkulu oNgcwele, ngoba ngiyazi ukuthi ubuhle bami buvela kuye, nodumo lwami nesithunzi sami sivela kuye. Unguye uNkulunkulu ophakade obusa phezu kokuphila kwami, obusa phezu kwabathandekayo bami, obusa phezu kwethu sonke ezweni lakithi. Ukuba simazi yena. Ukuba simamukele yena, thina sonke. "Kepha ozibongayo, makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa nokwahlulela nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo, usho uJehova."

Ukumqonda nokumazi uJehova, lokhu kuthini na? Ukumethemba yena, ukumesaba yena, ukumthanda yena. Kanjani na? Ngilifunde izwi lakhe imihla ngemihla, ngikhulume naye emkhulekweni, ngihlangane nabanye abamthandayo, ngibuze imibuzo, ngibakhombise nabanye indlela, ngibatshele engikufundile. Uma ngingamazi uNkulunkulu wami, ngingamthanda kanjani na? Ukumthanda nokumazi uNkulunkulu lokhu kuthini na? Lokhu kusho ukuthi: ngizinikele emandleni akhe, ngimethembe kunami, ngimethembe yena kunabo bonke abanye, ngimethembe yena kunakho konke okunye engikwaziyo.

Ukumqonda nokumazi uNkulunkulu lokhu kusho ukuthi: ngizinikele emandleni akhe, ngimvumele ukuba angiholele nokuhlakanipha kwami, nobuqhawe bami, namandla ami, nengcebo yami, ngicele kuye ngesibindi nangokwethemba konke njengabantwana abathandekayo becela kuyise othandekayo: Nkosi, ngibusise neziphiwo zami, ngizisebenzise zona egameni lakho ukuba kudunyiswe wena, lingcweliswe igama lakho, ufike umbuso wakho, yenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Ukumqonda nokumazi uNkulunkulu lokhu kusho ukuthi: Ngiqonde, ngikhumbule ukuthi ngiyisidalwa sakhe nokuthi ngiyisoni esimpofu esilahlekileyo nesilahliweyo nokuthi ngiphila ngomusa wakhe nokuthi ngiswela ukulunga kwakhe. Yebo bakithi, uma nifuna ukumqonda nokumazi uJehova, ningiphelekezele ukuya eBetlehema, nihambe nami ukuya eGolgotha, siguqe phansi khona, sivule izinhliziyo zethu, sibike izono zethu khona, sikwamukele intokozo nenduduzo yentethelelo, sikwamukele ngokubonga ilungelo lokuma ekwahlulelweni, sidlule kukho, singene ekuphileni okuphakade ngoJesu Kristu, uMsindisi. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu Baba, siyabonga izwi lakho. Siyakubonga ukuba usithandile kakhulu kangaka. Wathuma iNdodana yakho ezelwe iyodwa enyameni yethu empofu ukusikhulula sonke emandleni obumnyama. Qinisa ukukholwa kwethu ukuba sikulandele wena ngobuqotho nangeqiniso, size sisindiswe ngoJesu Kristu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 87/77

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo- 2006 ngu-K. G. Tiedemann
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.